eyazalwa ezulwini ngaphambi kokuba izwe libe khona.

"Singaba nothando oluphelele ngempela ngoNkulunkulu kuphela uma sazi futhi sikholwa ukuthi uNkulunkulu walithanda izwe kangangokuba wanikela ngempela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa. Ngakhoke, singayigcina imiyalo yakhe kuphela uma sazi futhi sikholwa ukuthi uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe ezelwe yodwa ezweni."

"Kuyoba khona iqembu labantu ezinsukwini zokugcina abayothanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yabo. Bayolwazi uthando lukaNkulunkulu oludlula ukwazi. Bayoqonda ukuthi uNkulunkulu usithanda kangangokuba wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa. Leli qembu labantu laziwa ngokuthi abayi-144,000. Yibo abamukela uphawu lukaNkulunkulu. (Bheka IsAmbulo 7:1-4) Bayoba ngabangenasici. "Ngabona, bheka, iWundlu limi entabeni yaseSiyoni, kanye nalo abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, benegama likaYise lilotshwe emabunzini abo. ... Emlonyeni wabo akutholakalanga nkohliso, ngokuba bangabangenasici phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu." (IsAmbulo 14:1, 5) Ngeke bavume ukwamukela uphawu lwesilo, futhi bayosindiswa kuzo zonke izinhlupho ezifika emhlabeni."

"Laba bantu bayoluqonda uthando lukaNkulunkulu kangangokuba ngeke bone. "Insali yakwa-Israyeli ayiyikwenza okubi, ayiyikukhuluma amanga, nolimi olukhohlisayo aluyikufunyanwa emlonyeni wayo, ngokuba iyakudla, ilale phansi, kungabikho oyakuyesabisa." (Zefaniya 3:13) Laba bangubufakazi bukaNkulunkulu bokuthi umuntu angasinqoba isono. Ngifisa ukuba phakathi kwalelo nani.

Kuyoba khona elinye iqembu ezinsukwini zokugcina; iqembu eliyokwamukela uphawu lwesilo. Kuyoba namaqembu amabili kuphela. Ngeke kube khona iqembu eliphakathi. Uyokwamukela uphawu lwesilo noma uphawu lukaNkulunkulu. Iqembu elamukela uphawu lwesilo ngeke lisinqobe isono. Liyoqhubeka liphila ezonweni elazikhethela zona. Kuyoba yini ukuphela kwabo? "Bhekani, usuku lukaJehova luyeza, lunonya, lunolaka nokuthukuthela okuvuthayo, ukuba lwenze izwe libe yincithakalo, lubhubhise izoni zalo kulo." (Isaya 13:9) Izoni ziyobhujiswa lapho iNkosi ifika. Ziyokhala zicela amadwala ukuba awele phezu kwazo, azifihle ebusweni beNkosi. Noma yisiphi isono esithandwayo esingaphendukelwanga futhi esingashiywanga siyosiwisa ngalolo suku, sisenze sibhujiswe. "Ofihla iziphambeko zakhe akayikuphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuhawukelwa." (IzAga 28:13) Ngiyacela, zilungiselele ngaphambi kokuba kube sekwephuzile!

Kuyophuma isimemezelo ngaphambi nje kokubuya kweNkosi, futhi zonke izindaba ziyonqunywa, noma ngokuhle noma ngokubi. "Ongalungile makaqhubeke engalungile, nongcolileyo makaqhubeke engcolile, nolungileyo makaqhubeke elungile, nongcwele makaqhubeke engcwele. Bheka, ngiyeza masinyane, nomvuzo wami unami, ukuba ngibuyisele kulowo nalowo njengokomsebenzi wakhe." (IsAmbulo 22:11, 12) Lesi yisixwayiso esinesisindo. Ngiyacela, zilungiselele!

Ukuze uthole okwengeziwe ngalokhu, noma ngamanye amaqiniso abalulekile eBhayibheli, sicela uxhumane no:

UTHANDO LUKANKULUNKULU



"Bonani ukuthi luthando olunjani uBaba asiphe lona."
— 1 kaJohane 3:1

UNkulunkulu uBaba usicela ukuba sibone ukuthi luthando olunjani, noma olungakanani, analo ngathi. Wonke umongo weBhayibheli ungokuthi uNkulunkulu uBaba umthanda kangakanani yilowo nalowo kithi. Ukungakholwa uthando lukaNkulunkulu ngathi kuvimbela ubuhlobo bethu noNkulunkulu. Kwakungukungakholwa othandweni olukhulu lukaNkulunkulu okwaqalisa uSathane endleleni yakhe yokwehla. (Bheka Hezekeli 28:14-17.) Kwakungukungakholwa othandweni olukhulu lukaNkulunkulu okwenza u-Eva wona. (Bheka Genesise 3:1-6.) Kungukungakholwa othandweni olukhulu lukaNkulunkulu okusigcina esonweni. Kungokwambulelwa uthando lukaNkulunkulu olungenamkhawulo kuphela lapho siyongeniswa khona ebuhlotsheni bothando noNkulunkulu obudlula noma yibuphi esake saba nabo.

Kade kuyinhloso kaSathane ukukhohlisa abantu ngobuntu beqiniso bukaNkulunkulu. USathane ufuna sikholwe ukuthi uNkulunkulu akanalo uthando olungako njengoba esho, futhi uyazi ukuthi uma engasenza sikholwe lokho, ngeke simthande uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yethu. Kungokubona isithombe seqiniso sothando lukaNkulunkulu kuphela lapho singamthanda khona ngokwanele ukuze sigcwalise umyalo uJesu awubiza ngokuthi "umyalo omkhulu nowokuqala," okungukuthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yethu. (Bheka uMathewu 22:37, 38.)

SINGALUTHOLA KANJANI LOLO THANDO?

UJesu wathi: "Uma ningithanda, gcinani imiyalo yami." (uJohane 14:15) Umqondo ofanayo uvezwa evesini 23. "Uma umuntu engithanda, uyakuligcina izwi lami." (uJohane 14:23) EBhayibhelini lesiGreki, ivesi 14 lihunyushwe kanje: "Uma ningithanda, niyakuyigcina imiyalo yami." (Jay P. Green's Greek Interlinear)

Leli vesi lichaza ubuhlobo bembangela nomphumela wayo, kunokuba libe ngumyalo. UJesu wathi uma simthanda, umphumela wemvelo walolo thando ngukuthi siyoyigcina imiyalo yakhe. Uma singamthandi uNkulunkulu, asikwazi ukuyigcina imiyalo yakhe, futhi ngeke siyigcine.

UJesu wathi: "Wothanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho. Lona ngumyalo omkhulu nowokuqala. Owesibili ofana nawo ngulo: Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena. Kule miyalo emibili kulenga wonke umthetho nabaprofethi." (uMathewu 22:37-40)

Uma sithanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yethu, ngeke sibe nabanye onkulunkulu phambi kwakhe. Ngeke sikhonze isithombe esibaziweyo, sephule iSabatha, noma siliphathe ize igama lakhe. Uma sithanda umakhelwane wethu njengalokhu sizithanda thina, ngeke simbulale, simebele, sifakaze amanga ngaye, sihalele izinto zakhe, siphinge, noma singabahloniphi abazali bethu.

Ngalesi sizathu uPawulu wayengawasho ngokuqiniseka la mazwi: "Ningabi nacala kumuntu ngalutho, ngaphandle kokuthandana, ngokuba othanda omunye usewugcwalisile umthetho. ... Uthando alumoni umakhelwane; ngakho-ke uthando lungukugcwaliseka komthetho." (KwabaseRoma 13:8-10)

Ukuthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yethu kungumyalo omkhulu nowokuqala. Kusobala ukuthi awukwazi ukuwephula lo myalo bese uthi usayigcina imiyalo kaNkulunkulu. Njengoba sibona kahle, uma sizama ukugcina imiyalo kaNkulunkulu, umgomo wethu wokuqala nophakeme kunayo yonke ngukuthanda uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yethu, ingqondo, umphefumulo namandla. Kodwa lo mgomo ungafezwa kanjani?

UJohane wabhala: "Thina siyamthanda ngokuba yena wasithanda kuqala." (1 kaJohane 4:19) Okuwukuphela kwesizathu esinikezwayo sokuthi umuntu athande uNkulunkulu, ngukuthi "yena wasithanda kuqala." Uma sifisa ukuthanda uNkulunkulu, kufanele siqale sibone uthando lwakhe ngathi. Ngokulingana nokuthi siluqonda futhi siluazisa kangakanani uthando lukaNkulunkulu ngathi, luyoba njalo uthando lwethu ngoNkulunkulu. Uma ubona ukuthi uNkulunkulu ukuthanda kancane nje, uthando lwakho ngaye luyoba luncane kakhulu. Uma ubona ukuthi uNkulunkulu ukuthanda kangangokuba wanikela ngalokho okwakuyigugu kakhulu kuye, iNdodana yakhe ezelwe yodwa, uthando lwakho ngaye luyoba lukhulu.

SINGALWAZI KANJANI UTHANDO LUKANKULUNKULU?

"Kulokhu kwabonakaliswa uthando lukaNkulunkulu kithi, ukuthi uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe ezelwe yodwa ezweni ukuze siphile ngayo. Nanku uthando, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kodwa ukuthi yena wasithanda, wathuma iNdodana yakhe ukuba ibe yinhlawulo yezono zethu." (1 kaJohane 4:9, 10) UNkulunkulu uluvezile uthando lwakhe olukhulu ngokunikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa.

"Thina sesazi, sakholwa uthando uNkulunkulu analo kithi. UNkulunkulu uluthando; ohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye. Kulokhu uthando lwethu lwenziwe lwaphelela." (1 kaJohane 4:16, 17) Uthando lwethu ngoNkulunkulu lwenziwa luphelele ngokwazi, ngokukholwa, nangokuhlala othandweni lwakhe ngathi, ngokuthi wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa.

Kufanele siqale siqonde ukuthi singalwazi kanjani uthando lukaNkulunkulu, ukuze sikholwe kulo futhi sihlale sicabanga ngalo, okuyokwenza uthando lwethu ngaye luphelele. "Ngalokhu siyalwazi uthando lukaNkulunkulu, ngokuba yena [uJesu] wadela ukuphila kwakhe ngenxa yethu." (1 kaJohane 3:16) Ukuze sazi uthando lukaNkulunkulu ngathi, kufanele sibheke ukuthi wanikela kanjani ngeNdodana yakhe ukuba idele ukuphila kwayo ngenxa yethu.

UKUHLUPHEKA KUKAKRISTU

UMarku wabhala ngobusuku obandulela ukufa kukaKristu: "Base befika endaweni ebizwa ngokuthi iGetsemane; wathi kubafundi bakhe: Hlalani lapha ngisakhuleka. Wathatha uPetru noJakobe noJohane, waqala ukumangala kakhulu nokudabuka kakhulu. Wathi kubo: Umphefumulo wami udabuke kakhulu kuze kube sekufeni; hlalani lapha, nilinde [ninake ngokucophelela]. Wadlulela phambili kancane, wawa phansi, wakhuleka ukuba, uma kungenzeka, lelo hora limdlule." (uMarku 14:32-35) UJesu wacela abafundi bakhe ukuba babheke okwakwenzeka, ngokuba wayefuna ukuthi bazi futhi bakholwe uthando uNkulunkulu analo ngabo, ukuze uthando lwabo ngoNkulunkulu lwenziwe luphelele.

Ake sibheke okwenzeka ensimini yaseGetsemane. "Kwakukhona okwakwenzeka kuJesu okwamenza wanengwa yimizwa yakhe, futhi leyo mizwa yamethusa kakhulu. Yayiyini leyo mizwa?"

U-Isaya waprofetha: "UJehova wabeka phezu kwakhe ububi [kanye necala] bethu sonke." (Isaya 53:6) UJesu wezwa ihlazo esilizwayo lapho sona, kodwa landiswe kaningi kakhulu. Lokhu kwaletha ukwehlukana phakathi kukaNkulunkulu naye. "Kepha ububi benu buhlukanisile phakathi kwenu noNkulunkulu wenu, nezono zenu zisithisile ubuso bakhe kini, ukuba angezwa." (Isaya 59:2)

UNkulunkulu usithanda ngempela kangangokuba wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, futhi ufuna sibone, noma sihlale sicabanga, ngaleli qiniso eliyigugu. "Ngokuba uthando lukaKristu luyasiphoqa [luyasiqhuba noma lugcwalisa imicabango yethu]." (2 KwabaseKorinte 5:14) Kufanele imicabango yethu igcwaliswe yiqiniso elimangalisayo lokuthi uNkulunkulu walithanda izwe kangangokuba wavumela iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba izwe icala lethu, futhi ihlupheke ngenxa yokubekwa kwalelo cala phezu kwayo.

U-Isaya wabhala: "Onhliziyo yakhe iqinile kuwe uyakumlondoloza ekuthuleni okuphelele, ngokuba uthemba wena." (Isaya 26:3) UNkulunkulu uyazi ukuthi uma sihlala sicabanga ngothando olumangalisayo analo ngathi, luyosibumba lusakhe ngendlela okungekho enye into engakwenza. Uma sihlala siqaphela njalo uthando uNkulunkulu analo ngathi, futhi siluazisa lolo thando, ekugcineni siyosinengwa kakhulu isono kangangokuba siyokwenqaba ukusivumela ukuba siqhubeke sihlala kithi. Singasinqoba isono ngosizo lukaNkulunkulu.

"Ngokuba konke okuzelwe nguNkulunkulu kuyalinqoba izwe; nakhu ukunqoba okunqobile izwe, ukukholwa kwethu. Ngubani onqoba izwe, uma kungesiye okholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu na?" (1 kaJohane 5:4, 5) Kukhona okuthile ekukholweni ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu okusenza sikwazi ukunqoba isono. (Bheka 1 kaJohane 2:15-17.) Njengoba ukukholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu kusenza sikwazi ukunqoba isono, ucabanga ukuthi uSathane angazama yini ukuhlanekezela iqiniso lokuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu? Impela angazama. Uma silindele ukunqoba izwe, kufanele sikholwe ukuthi uJesu ngempela uyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa (eyazalwa), nokuthi uNkulunkulu wanikela ngayo ngenxa yethu.

"Okholwa eNdodaneni kaNkulunkulu unabo ubufakazi kuye; ongakholwa nguNkulunkulu umenzile umqambimanga, ngokuba engakholwanga ubufakazi uNkulunkulu abufakazele ngeNdodana yakhe." (1 kaJohane 5:10) UNkulunkulu wathi: "Le yiNdodana yami ethandekayo, engithokoza ngayo; yizweni yona." (uMathewu 17:5) UNkulunkulu wathi uJesu Kristu uyiNdodana yakhe ezelwe yodwa; ungavumeli muntu akutshele okunye.

"ISIPHO SIKANKULUNKULU: INDODANA YAKHE"

"UJesu, ekhuluma ngaye uqobo, wathi: "Zingakabikho izinzulu, ngavezwa [ngazalwa]; ingakabikho imithombo egcwele amanzi. Izintaba zingakamiswa, amagquma engakabikho, ngavezwa." (IzAga 8:24, 25) Igama lesiHeberu elihunyushwe lapha ngokuthi "ngavezwa" lisho ukuthi "ukuzalwa" (Gesenius' Hebrew Lexicon). UJesu uyiNdodana kaNkulunkulu ngempela,